

ISIZULU JUNE CONTROL TEST PAPER 3 2022

ISIKHATHI: 2,1 HOURS
GRADE: 12

AMAMAKI: 100

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

- Leli phepha lehlukane iswe IZIQEPHU EZINTATHU:
ISIQEPHU A: Indaba (50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)
- Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.
- Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
- Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
- Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/Uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.
- Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.
- Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30
- Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
- Nikeza impendulo ngaYINYE isihloko esifanele.
- Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
- Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

- 1.1 Kwakungelula Ukudlulisa Lesiya Simo. [50]
- 1.2 Umndeni Onenjabulo Uyisisekelo Somphakathi Ophumelelayo. [50]
- 1.3 Ukukhuluma Into Ongayazi Kuletha Izinkinga. [50]
- 1.4 Ubuhle Nobubi Bokufunda Ngasese Ube Usebenza. [50]
- 1.5 Abesifazane Bavikeleke Ngokwanele Yini Emiphakathini Yethu? [50]
- 1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6.1



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]


1.6.2



[Sicashunwe ku-[wwwgoogle.com](http://www.google.com)]

[50]

1.6.3



[Sicashurwe ku-[wwwgoogle.com](http://www.google.com)]

[50]

AMAM/KI ESIQEPHU A:

50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 INCWADI YOBUNGANI

Sekuphele iminyaka umalume wakho engenawo umuzi. Ekugcineni useze wakwazi ukuthenga umuzi omusha.

Bhalela **umalume wakho** incwadi umbongele.

[30]

2.2 UMLANDO NGOMUFI

USilver Rita Makhenzi oneminyaka engama-40, ushone ngokukhulu ukuzuma. Umndeni ucele ukuba ubhale umlando wakhe njengoba senisebenze ndawonye isikhathi eside esibhedlela saseNkonjeni.

Bhala **umlando ngomufi**.

[30]

2.3 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO

Ngesonto eledlule abangani bakho bacela ukuba nibe nomhlangano wokuqala/wokusungula *i-book club* ukuze nikhuthazane ngokufunda kanye nokwenza okunye kokuzithuthukisa. Kulo mhlangano bacela ukuba ube ngunobhala wawo.

Bhala **i-ajenda namaminithi omhlangano**.

[30]

2.4 INKULUMO ELUNGISELELWE

Udadewenu/umfowenu wenze umcimbi wokubonga ukuthola iziqu zobudokotela.

Bhala **inkulumo elungiselelwe** ozoyethula njengelungu lomndeni kulo mcimbi.

[30]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 ISIKHANGISI

Inkampani yakho ikhiqiza/yenza uhlobo olusha lwensipho yokugeza umzimba.

Bhala **isikhangisi** esihehayo sokukhangisa ngale nsipho.

[20]

3.2 IDAYARI


Njalo ngonyaka kunomncintiswano womjaho wamabhayisikili webanga lama-21 km obanjelwa eKapa. Kulo nyaka nawe ufuna ukuwungenela lo mncintiswano.

Bhala **idayari** yezinsuku ezintathu ngozokwenza ngaphambi kokuya kulo mncintiswano ozoba ngomhla ziyisi-5 kuJulayi 2021.

[20]

3.3 INKOMBANDLELA

Buka umdwebo osekhasini elilandelayo bese ubhala **inkombandlela** ulandele imicibisholo esuka ezitebhisini zokungena esikoleni uze ufike egunjini lothisha lokuphumula.



[Umdwebo wokuziqambela] [20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 100